

USARS uzobuyisa isikweletu sika-R15m ngokungakhokhwa kwe-PAYE ne-VAT

20 kuNcwaba 2021 – UPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) seluthole isinqumo senkantolo nomyalelo wokudla impahla emagcekeni abhalisiwe enkampani yamalahle, iShefa Group, ngemizamo yokubuyisa isikweletu sentela esiyi-R15-million.

Isikweletu sentela savuka ngenxa yokuthi umkhokhintela wathumela amaphepha e-PAYE, VAT, UIF kanye nawe-SDL engakaze azenze lezi zinkokhelo kwaSARS, njengokwesidingo somthetho. Leli yicala lobugebengu.

UKhomishana u-Edward Kieswetter uthe: “USARS uzobhekana nezinkampani ezibamba izintela kuzisebenzi bese zingazikhokhi kwaSARS, okuyisidingo somthetho.”

UKhomishana wengeze ngokuthi lezi zintela kumele zingene esikhwameni sikahulumeni akuzona ezenkampani noma abaqondisi bayo okumele bazuze ngazo.

Uqhubeke wathi: “Kulesi sikhathi sokuzama ukutakula umnotho okuphazanyiswa umthelela wobhubhane lwe-Covid-19, uhulumeni udinga lonke usizo angaluthola ukulekelela labo abahlwempu nokwethula umthwalo wentela ezinkampanini ezithobela imigomo yentela. Amasu ethu ngesikuphokophele acacile. USARS uzokwenza kube lula ukuthi abakhokhintela bathobele imigomo yentela, kodwa futhi uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abangayithobeli imigomo yentela abahlulekayo ukufenza izibophezelozabo. Isenzo sanamuhla nemizamo yethu eqhubekayo, kuwubufakazi bokuzinikela kwethu ekusiphuneni nezimpande izinkampani ezingathobeli imigomo yentela.”